


NguMongameli
uThomas S. Monson



uThando eKhaya — UKWELULEKWA OKUVELA KUMPROFETHI WETHU

Impilo yoMndeni Ebusesekile

“Uma sesicaphune okuningi futhi sadukela kude sazesabona ubuze kanye nenkohliso eningi yomhlaba, ukubonga kwethu kuyakhula ngenxa yegunya lokubayingxenywe yento esingathembela kuyona—ikhaya kanye nomndeni futhi nokholo lwabathandekayo bethu. Sithola ulwazi lokuthi kusho ukuthini ukuhlangana ndawonye ngomsebenzi, ngenhlonipho, ngokuzifaka. Sifunda ukuthi ayikho into engathatha indawo ngokuphelele yokuzwana okubusisiwe komndeni.”¹

Ukwabelana Ngothando Lwethu

“Halalisela futhi uyigone ingane yakho; uthi, ‘Ngiyakuthanda’ kakhulu; khombisa ukubonga kwakho njalo. Ungenzi inkinga ekumele ixazululwe ibaluleke ngaphezulu kulowomuntu othandwayo. Abangane bayahamba, izingane ziyakhulu, abathandekayo bayashona. Kulula ukuthi sithathe abanye kalulala, kuze kufike isikhathi lapho sebengasekho ezimpilweni zethu futhi sibe nokuzisola sithi ‘bekuzobanjani’ futhi ‘uma kuphela.’ . . .

“Asijabulele impilo njengoba siyiphila, sithole injabulo ekuhambeni kwethu futhi sabelane ngothando lwethu nabangane kanye nemindeni. Ngolunye usuku, omunye nomunye wethu uzakuphelelwa ikusasa. Singakuhlelisi lokho okubaluleke kakhulu.”²

Ukubonakalisa Uthando Lwethu

“Bafowethu, asiphathe amakhosikazi ethu ngokuphakeme kanye nangenhlonipho. Bangabangane bethu baphakade. Bodade, hloniphani abayeni benu. Badinga ukuzwa igama elihle. Badinga ukumoyizela kwenu okunothando. Badinga uthando olufudumele olubonakalayo lwangeqiniso. . . .

“Kulabo abangabazali, Ngithi, bonisani uthando ezinganeni zenu. Niyazi ukuthi niyabathanda, kepha yenzani ngokuqinisekisa ukuba bayakwazi lokho nabo. Bayigugu. Baziseni. Cela usizo kuBaba wethu waseZulwini njengoba nibakhathalele ngezidingo zabo zonke izinsuku futhi njengoba nibhekana nezivivinyo eziza nomakanjani ngokuba ungumzali. Nidinga inhlakanipho edlula eyenu ukuba nibafundise.”³

Ukubonisa Uthando Lwethu

“Kinina bazali, bonisani uthando lwenu ezinganeni zenu. Bathandazeleni ukuthi bakwazi ukumelana nobubi bomhlaba. Thandazani ukuthi bangakhula ekuholweni kanye nokuba nobufakazi. Thandazani ukuthi bangalandela impilo yokulunga kanye nokusebenzela abanye.

“Zingane, yenzani abazali benu bazi ukuthi niyabathanda. Yenzani bazi ukuthi niyajabulela konke abanezele kona futhi abasazonenzela kona.”⁴

Yini Lokho Okubaluleke Kakhulu

“Lokho okubaluleke kakhulu njalo kuhlunganisa labo bantu abaseduzane nathi. Njalo sicabanga ukuthi bona *kufanele* bazi ukuba sibathanda kangakanani. Kepha kumele singasoze sacabange; kufanele sibatshele bazi. Wabhala uWilliam Shakespeare, ‘Abathandi lokho okungababonisi uthando.’ Asisoze sazisola ngendlela yamagama akhulunyiwe noma uthando olubonisiwe. Noma-ke, ukuzisola kwethu kuzakuza uma ezinye ze-zinto esizisusayo kubudlelwane bethu nalabo esibathandayo kakhulu.”⁵

Ukuletha Izulu Eduzane

“Imindeni yethu kanye namakhaya agcwale uthando: uthando lwethu nabanye, uthando lwevangeli, uthando lwalabo esihlanganyela nabo, uthando loMsindisi wethu. Umphumela, izulu lizasondela eduzane kwethu emhlabeni.

Make senze amakhaya ethu abe yizindawo zokukhuseleka lapho amalungu emindeni yethu azokufuna ngaso sonke isikhathi ukubuyela khona.”⁶

Umthandazo weMinden

“Njengoba kakhulu ubumbano lomndeni lusohlaselweni kumhlaba namunhla, futhi zonke izinto ziphethwe ngobungcwele ziyahlekwa, sicela Wena, Baba wethu, usenze silingane nezivivinyo esihlangabezana nazo, ukuze thina sime ngokuqinile eqinisweni kanye nasekulungeni. Make senzeni amakhaya ethu abe amazulu okuthula, wothando kanye nawomoya.”⁷

AMANOTH

1. “Indawo Yokukhuseleka eMhlabeni,” *Worldwide Leadership Training Meeting*, Feb. 9, 2008, 29.
2. “Injabulo Endleleni yethu” (Brigham Young University Women’s Conference, uMeyi 2, 2008), <http://ce.byu.edu/cw/womensconference/archive/transcripts.cfm>.
3. “Ukubusiswa Kakhulu,” *iLiahona*, uMeyi 2008, 112.
4. “Siphinde Sihlangane Ngokuzayo,” *Liahona*, uMeyi 2009, 113.
5. “Ukuthola Injabulo Endleleni Yethu,” *Liahona*, Nov. 2008, 86.
6. “Indawo Yokukhuseleka eMhlabeni,” 30–31.
7. Umthandazo wokuhlonipha iThempeli laseGila Valley Arizona, u Meyi 23, 2010; e “Thempelini laseGila Valley Arizona: ‘Ngentando Yakho Ungcwele Lendlu,’ *Izindaba zeVangeli*, uMeyi 29, 2010, 5.

UKUFUNDISA NGALO MLAYEZO

“Emsebenzini wokucabangisisa, uthisha uletha umbuzo noma isimo bese enikeza abafundi isikhathi

esincane ukuba banikeze izimpendulo noma amacebo ngokukhululeka” (*Ukufundisa Akulona Ubizo Olukhulu* [1999], 160). Njengoba ufunda lendaba nomndeni wakho, cela bona ukuba balalele ngokululekwa noma ngemicabango l eyo ebajabulisayo. Amalungu omndeni angacabangisisa izindlela zokukhulisa uthando emakhayeni abo. Cabanga ngokumema umndeni ukuba ubhekisise lemicabango kubusuku bomndeni bekhaya obuzayo.

INTSHA

Mama Sisindise

Ngu Patricia Auxier

Ngenkathi ngineminyaka eyisithupha, udadewethu osemncane kanye nami sasibukele umdlalo webasketball kadade wethu osemndala. Ubaba wami wahamba, bese sacabanga ukuthi sifuna ukuhamba naye, sasesigijima ngemuva kwakhe emvuleni. Ngenkathi singamtholi, sabuyela emuva ejimini sizoya ekhaya kanye nomama wethu, kepha ngalesosikhathi singena ejimini, wonke umuntu kwibhili wayesehambile.

Ngiyakhumbula singena emnyango, ngizama ukususa udade wami owayesemncane kanye nami emvuleni, ngithandaza ukuthi kuvele umuntu. Bese ngakhumbula ngizwa isivalo senqola yethu ebomvu sivaleka, futhi sagijima siyangalapho kuvela khona umsindo. Bese kweza ukukhumbula okubonakala kahle kwesikhathi ngisemncane: umama wethu esigona ngezingalo zakhe “njesikhukhukazi sivalela amachwane aso ngaphansi kwezimpiko zaso” (3 uNifayi 10:4). Umama wami wayesisindisile, futhi angizange ngizizwe ngikhuselekile kakhulu kunalokhu engakuzwa ngalowo mzuzu.

Njengoba ngicabanga ngemfundiso yakhe kimi, Ngiyabona ukuthi impilo kamama wami ingikhombe kuMsindisi futhi ingitshengise ukuthi kusho ukuthini “ukuphakamisa izandla ezilengele phansi, futhi nokuqinisa amadolo axegayo” (D&C 81:5). Wayethembele kuJesu Krestu, owamunika amandla “angaphezu [kwakhe]” (“Nkosi, Ngizakulandela Wena,” *Amaculo*, no. 220).

Ukwakha Ikhaya Elinenjabulo

UMongameli uMonson unikeza izindlela esingakhu-
lisa ikhaya elinenjabulo. Bheka ngaphakathi kwale-
nxonxo ukuthola izinto wena kanye nomndeni wakho
eningazenza ukwenza ikhaya elinenjabulo.

Ngaso sonke isikhathi uthola into ongayenza,
ibhale phansi. Thola izindlela ezinhlanu ongakha
ikhaya elinenjabulo futhi udwebe indlu enomndeni
wakho kuyo.



Ukholo • Umndeni • Inkululeko

Inhlangano Yabesimame Abangcwele

Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashele. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangano Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile empilweni yakho.

UEliza R. Snow, uMongameli jikelele wesibili weNhlango Yabesimame Ekhululekileyo, wafundisa: “uPhawuli uMpostoli wakhuluma emandulo ngabesimame abangcwele. Kungumsebenzi womunye nomunye wethu ukuba ngowesifazane ongwele. Sizakuba nezifiso eziphakeme, uma singabesifazane abangcwele. Sizakuzizwa ukuthi sibiziwe ukusebenza imisebenzi ebalulekileyo. Akekho ongakhethwanga. Akekho udade oshiywe yedwa, futhi indawo yakhe incane kepha angakwazi ukwenza umsebenzi omkhulu ekukhuliseni Umbuso kaNkulunkulu kuwo lomhlaba.”¹

Bodade, awushiywanga wedwa futhi indawo yethu ayikho ncane. Ngokwamukela isipho somsebenzi kwiNhlango Yabesimame Ekhululekileyo, sibayingxenye yalokho uMprofethi uJoseph ayichaza njengenhlango “ehlukanisiwe ebubini bomhlaba—bokukhetha, ubuhle, kanye nobungcwele.”²

Lenhlangano isisiza ukuqinisa ukhulo lwethu futhi sikhule ngokomoya ngokusinikeza ubuhlo, umsebenzi, kanye namathuba okufundisa. Emsebenzini wethu kukhuliswa inxenye yezimpilo zethu. Siyathuthuka ngokomoya, futhi nokuzizwa ukuthi sivelaphi, singobani, futhi nokuzithemba kwethu kuyakhula. Siyabona

ukuthi inhloso yonke yeplani levangeli kungukuletha ithuba kithina ukuba sifinyelele ekhonweni lethu elipheleleyo.

Inhlangano Yabesimame Ekhululekileyo isisiza sizilungiselele ukuzuzisa izibusiso zethempeli, ukuhlonipha izimiso esizenzayo, futhi sizifake kwisizinda seZiyoni. Inhlangano Yabesimame Ekhululekileyo isisiza ukukhulisa ukhulo lwethu futhi nokulunga kwethu, iqinise imindeni yethu, sifune futhi sizize labo abanezidingo.

Umsebenzi weNhlango Yabesimame Ekhululekileyo ungwele, futhi ukwenza umsebenzi ongwele kwakha ubungcwele kithina.

uSilvia H. Allred, ikhansela lokuqala kwiNhlango Yabesimame Ekhululekile kubumongameli jikelele.

Kuvela Embhalweni Ongcwele

uExodosi 19:5; AmaHubo 24:3–4; 1 Thessalonians 4:7; uTitus 2:3–4; Imfundiso Nesivumelwano 38:24; 46:33; 82:14; 87:8; uMose 7:18

Kuvela Emlandweni Wethu

Ekhuluma Nabesifazane beNhlango Yabesimame Ekhululekileyo baseNauvoo, uMprofethi uJoseph wagcizelela ubungcwele, echaza ukuthi njengoba odade babamsulwa futhi babangcwele, bebezokuba yisibonelo esinemfundiso emhlabeni. Wachaza: “Ukuzithoba,

uthando, ukuhlanzeka—lezi izinto ezifanele ukuthi zibonakaliswe kakhulu kuni. . . . Lenhlangano . . . izakuba namandla okuqondisa izindlovukazi eziphakathi kwabo. . . . Amakhosi kanye nezindlovukazi zalomhlaba zizakuza eZiyoni, futhi zikhombise inhlonipho.” Odade beNhlango Yabesimame Ekhululekileyo abaphila ngezivumelwano abazenzile abazilethile inhlonipho yabantu abalunge kakhulu kuphela, kepha “uma bephila ezingeni elibusisekile,” uJoseph wathembisa odade, “izingelosi angeke zayekela ukuba ngabangane benu.”³

Njengoba odade behlanganyela emsebenzini wokusiza kanye nokusindisa abanye, bazingcwelise bona ngokwabo. uLucy Mack Smith, umama kaMprofethi, wabelana ngobuhle beNhlango Yabesimame Ekhululekileyo engahle ikuzuze: “Kufanele silondoloze omunye nomunye, sinakekele omunye nomunye, siduduze omunye nomunye futhi sizuze imiyalo, ukuze sihlale sonke ezulwini.”⁴

AMANOTH

1. uEliza R. Snow, “Ikhele,” *Woman’s Exponent*, Sept. 15, 1873, 62.
2. uJoseph Smith, ku*Mlando weBandla*, 1:78.
3. uJoseph Smith, ku*Mlando weBandla*, 1:78.
4. uLucy Mack Smith, kwi *Nhlangano Yabesimame Ekhululekileyo*, Incwadi yamanothi omhlangano Mar. 1842–Mar. 1844, Okubhalwe ngo — Mar. 24, 1842, Indawo Yokugcina Izincwadi Zomlando Webandla, 18–19.

Ngingenzenjani?

1. Ngibasiza kanjani odade engibaqaphile ukuba bakhulise futhi bazuze “izifiso eziphakemeyo”?

2. Okuphi engikwenzayo empilweni yami: ukhetho, ukulunga kanye nobungcwele”?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.